# *SITHANDA UKUBONA UJESU*

Ngiyabonga kakhulu, Mfowethu Vayle.

2 Sanibona kusihlwa, bangane. Kuyinhlanhla ngempela ukuba lapha kulobubusuku kulelikomkhulu laseNew Hampshire. INew Hampshire ingiphathele okuningi kakhulu, kusukela ngisengumfanyana. Ngisalukhumbula kahle uhambo lwami lokuzingela phezulu eWhite Mountains, nangaphesheya kwePresidential Range, ngaseGorham, nezingxenye zezwe phezulu phakathi lapho, abangane abahle engihlangane nabo eminyakeni edlule. Ngakho bengifuna njalo ukuza eNew Hampshire okwe—kwenkonzo ukukhuleka nabantu abagulayo, nokuvakasha nani.

3 Kubi kakhulu ukuthi nje sinobusuku obubili nje lapha, futhi nje sigijime singene ngqo kanje, futhi siphume ngqo. Ngithe kuyinto ethize njengokuthi, "Sanibona? Salani kahle." Ngakho, kodwa ngineqiniso ukuthi iNkosi ebusisiwe izosisiza ukuba sazane kangcono eminyakeni ezayo; silindele ukubuya ngesinye isikhathi ukuhlala isikhathi eside ngokuthe xaxa. Ngalesisikhathi sizama nje ukujwayelana.

4 Futhi ngineqiniso ukuthi niyaMthanda, ngisanda kungena emnyango futhi nganizwa nithi, "Amen," kulokho uMnu. Vayle abekusho, futhi niyamkholwa uNkulunkulu, futhi niyakholwa ukuthi Usaphila. Futhi A—Akehlukile kunalokho Ayelokhu eyikho, Akahlakaniphile ngokwedlulele, Angeke ahlakaniphe ngokwedlulele, ngoba Wayengongenasiphelo kwasekuqaleni. Futhi ngakho yonke into Ayishoyo, yonke inkulumo-mbiko Ayenzayo izofanele iphelele, ngoba uma Ubengakhula olwazini njengoba senza, khona-ke Ubeyohlakanipha ngokwedlulele, Ubenga—Ubengalungisa izinto futhi akuhlele ngokwehlukile kancane. Kodwa lapho uNkulunkulu enza i—inkulumo-mbiko noma esho noma yini, kuzofanele kuhlale njalo kungaleyondlela, ngoba Uphelele kwasekuqaleni.

5 Manje, thina, izizukulwane zethu singabanesiphelo, futhi izizukulwane zethu ziya ngokuhlakanipha kancane, futhi zihlakaniphe kancane njengoba umBhalo washo, zibuthakathaka kodwa zihlakaniphe ngokwedlulele, futhi siyakhula olwazini, kodwa uNkulunkulu angeke, ukuba abe ngongenasiphelo, Ufanele nje ahlale ephelele nje ngaso sonke isikhathi.

6 Ngakho manje-ke, uma inhlekelele ibiyovuka noma ngasiphi isikhathi, noNkulunkulu wabizelwa enkundleni ukuba enze okuthile, khona-ke indlela Enza ngayo ngalesosikhathi, Uzofanele enze ngesikhathi ngasinye ngaleyondlela, ukuze abe nguNkulunkulu. Niyabo? Ngoba uma Engenzi okwesibili

ngendlela Enza ngayo okokuqala, khona-ke Wa—Wazi kakhulu ngakho, khona-ke Wenza...Wenza okungalungile ngenkathi Enza okokuqala. Niyabo? Ubezofanele enze ngokufanayo isikhathi ngasinye. Uma—uma izwe lisekudingeni uMsindisi, khona-ke uma Ethula uMsindisi, indlela yensindiso ensimini yase-Edene, ukuba, indlela yokuphunyuka, Ufanele aqhubeke nokwenza lokho ukuze abe nguNkulunkulu.

7 Uma ukugula kuvuka ekamu, futhi uNkulunkulu wenza ukubuyisana ngokuphulukiswa, Uzofanele ahlale kulokho, noma Wenza okungalungile ngenkathi Ephulukisa umuntu wokuqala, Wenza iphutha ngenkathi Ethethelela owokuqala. Niyabo? Ungongenasiphelo—ongenasiphelo futhi sifanele sikwemukele ngaleyondlela, futhi sikukholwe ngaleyondlela, futhi uma uzokukholwa ngaleyondlela, kuzosebenza ngaleyondlela. Nje ku...

8 Futhi ngiza kulobubusuku ukuba nginivakashele ngalobubusuku obubili benkonzo, njengomfowenu, futhi ngijabula kakhulu ukuba lapha nani. Futhi angizi ngimele noma yiliphi ibandla lehlelo elithile, asimele noma yiliphi ihlelo. Mina uqobo, ngangiyiMissionary Baptisti; uMnu. Vayle lapha, wayeyiBaptisti yasenyakatho. Angisiye owebandla leBaptisti, futhi, ngiphumela nje eVangelini ukuba ngisebenze, wayesema esikhaleni, wayesethi, "Singabazalwane, noma ubani othandayo, makeze." Futhi lokho kuthonya okuncane iNkosi uNkulunkulu engiphe khona, angizami ukukubeka phezu kwanoma yiliphi ihlelo elithize, ngoba ngikholwa ukuthi—ukuthi amahlelo akusikho lokho uNkulunkulu akubukayo, Ubuka abantu osemahlelweni.

9 Ingxenye enkulu yempilo yami, noma ingxenye enkulu yayo, bekuseplazini lezinkomo. Ngiyakhumbula enhla eMfuleni iTroublesome, lapho sasivame ukwelusa khona izinkomo, sizigijimisele phezulu e-Arapaho Forest, futhi babenothango lokushushumbisa. Angazi ukuthi nina bantu basempumalanga nazini ngothango lokushushumbisa, kodwa bagcina izinkomo zingashushumbi zibuyele emuva zisuke ehlathini. Ungakhulisa ithani lefolishi, khona-ke, futhi une, kwiChamber of Commerce, uphawu, ungabeka inkomazi ehlathini, uma ungakhulisa ithani lefolishi ukunakekela inkomazi ubusika bonke.

10 Futhi manje, umqaphi, njalo ubala izinkomo lapho zingena, futhi uyazihlola. Futhi izikhathi eziningi ngihlale lapho, nomlenze wami unqume ophondweni lwesihlalo sehhashi, ngibhekisisa umqaphi, akakaze aqaphele uphawu kangako, ukuthi zingaki izimpawu ezazikhona, ngoba wayethi ukukwazi lokho, empeleni, kodwa wahlola icici legazi endlebeni. Niyabo, icici legazi, babefanele ba...akunandaba ukuthi uphawu lwalunjani owawunalo...kwakufanele kube yiHereford yohlobo, noma yayingenakuhamba ibanga. Akunandaba

ukuthi uphawu lwalubekwe kahle kanjani kuyo, kwakufanele kube yiHereford yohlobo, noma yayingeke idle kulelobanga.

11 Ngicabanga ukuthi kuyoba yilokho-ke esangweni elikhulu ngenkathi sifika lapho, Angeke athi, "Ngabe ubekwe uphawu, iMethodisti, iPentecostal, iBaptisti, iLuthela," kuyilokho uphawu lweGazi oluyikho. Bonke labo abazelwe nguMoya kaNkulunkulu, ngeGazi likaJesu Kristu uzokwemukeleka phakathi kungakhathaleki ukuthi hlobo luni lophawu olufakile.

12 Manje, naphezu kwalokho manje, sizovula iZwi laKhe, futhi sikhulume kini ngokuvela eZwini laKhe. Angisuye usiyazi wezenkolo, ngishilo izikhathi eziningi, ukuthi angilitholanga ithuba lokuthola imfundo, angisuye umshumayeli kangako. Angilazi iZwi kahle kakhulu, kodwa ngimazi kahle kakhulu uMqambi. Ngakho lokho yi. . . NgiyaMthanda, futhi Uzokwembula iZwi lapho siqhubeka.

13 Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, sisakhuluma kuYe, ngaphambi kokuba sivule iZwi.

14 Nkulunkulu obusisiwe noPhakade, njengoba siza ngokuzithoba njengezidalwa zesikhathi singene eBukhoneni baKho, sicela ukuthi Uzosikhumbula, Nkosi, futhi uzosithethelela zonke izono zethu neziphambeko kuWe.

15 Futhi manje, njengoba sivula lesisakhiwo esincane kulobubusuku eVangelini, sizocela ukuthi Uzonikela izinhliziyo zethu eZwini laKho naseMoyeni waKho, njengoba sinikela isakhiwo nathi uqobo enkonzweni kaNkulunkulu ophilayo.

16 Futhi Baba, siyakhuleka kulobubusuku, ukuthi iNdodana yaKho ebusisiweyo izoza ngesimo sikaMoya oNgcwele, futhi izokwembula kithi, Nkosi, uBukhona baYo. O, kwangathi Ingasenzela, kulobubusuku, okukhulu ngokwedlulele.

17 Busisa bonke lababantu abathandekayo abaphumile kulobubusuku. Sikhulekela ukuthi isibusiso esikhethekileyo siphumule phezu kwabagulayo nabadingayo, ngokuba bazele leyonhloso, Nkosi, ukuze baphulukiswe. Futhi isizathu sokuba babe lapha, kufakazisa ukuthi kukhona umthombo wokuphulukisa ndawondawo. Njengoba uDavide asho ezinsukwini ezedlulayo, "Lapho utwa lubizana notwa," kuzofanele kubekhona utwa lokusabela kulolobizo. Ngakho, Baba, balapha kulobubusuku, ngoba bayaKukholwa, futhi babheke ngabomvu ekuboneni lowo "Mthombo ogcwaliswe ngeGazi, elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli." O Nkosi, siphe lesisibusiso kulobubusuku.

18 Lapho sisuka kulendawo, kwangathi singahamba njengalabo ababevela e-Emawuse, emva kokuba babehambe noJesu usuku lonke. Wayekhulume nabo emva kokuvuka kwaKhe, lokho kusa kokuqala okuhle kwePhasika, nokho abaMqondanga. Futhi ngenkathi Ebafaka ngaphakathi ngesikhathi sokuhlwa, ngokuhwalala, mhlampe cishe

ngalesisikhathi, ngenkathi iminyango ivaliwe, Wenza okuthile, futhi baqonda ukuthi akekho omunye umuntu owakwenza ngaleyondlela ngaphandle kwaKhe. Namehlo abo avuleka, futhi bazi ukuthi kwakunguYe, futhi Wayevukile kwabafileyo. O, izinhliziyo zabo zigxuma ngokujabula, bagijima babuyela emuva ukuyohlangana nabo bonke abanye beqembu labo, futhi bethi, "Ngempela, iNkosi ivukile!"

19 Nkosi, Uzosenzela okuthize kulobubusuku, njengoba nje Wakwenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho, ukuze lesisixuku sazi ukuthi Uhlala njalo unguNkulunkulu na? Futhi lapho siya emakhaya ethu ehlukene, kwangathi singasho njengalabo lapho behamba, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Ngokuba siyakucela, eGameni laKhe. Amen.

20 Manje kulobubusuku, isixuku sethu sincane, futhi nje esincane, sithola ukwazana. Futhi manje, mhlawumbe kusasa ebusuku, iNkosi ithanda, ngingathanda mhlawumbe ukushumayela nje kancane kini, noma ngikhulume kini okuvela eZwini. Kulobubusuku, uhlelo oluncane nje lokuvula esilusebenzisa emgwaqeni ukwethula inkonzo esizama ukumela iNkosi yethu, uMlayezo omncane nje wokuvula. Nengqikithi yethu izoba ngukuthi, etholakala kumaHeberu 13:8:

*UJesu Kristu nguyena izolo,. . .namuhla, naphakade.*

21 Futhi ngale kuJohane oNgcwele 12:20, sifunda lokhu okwengqikithi:

*Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyuka ukuba bakhuleke emkhosini:*

*Lawo-ke aya kuFiliphu, waseBetsayida laseGalile, acela kuye, athi, Mnumzane, sithanda ukubona uJesu.*

22 Futhi yilokho engifuna ukukhuluma ngakho: *Sithanda Ukubona UJesu.*

23 Manje, uma umBhalo uthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. . .Manje, kimi, leliBhayibheli kuphakathi kokuthi liyiqiniso, noma Alisilo iqiniso. Uma KuyiZwi likaNkulunkulu, khona-ke Liyiqiniso; uma kungesilo iqiniso, khona-ke akusilo iZwi likaNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu wayengeke azihlanganise ngalutho nanoma yini ngaphandle kwalokho okwakuyikho ngokoqobo, iqiniso elimsulwa. Siyakukholwa lokho, futhi ngineqiniso ukuthi niyakukholwa. Kufanele kube yiqiniso.

24 Ngakho ake sibuke manje emiBhalweni. Futhi manje, ngikholwa ukuthi *Leli* yiZwi, ukukholwa kwami kwakhelwe phezu kwa*Lokhu*. Isikhathi esiningi ngibambe iKoran ngesinye isandla, iBhayibheli ngesinye ngaphambi kwengxenye yesigidi sabakaMohamede, futhi ngithi, "Omunye wabo uzofanele abe ngoqinisile, nomunye wabo uzofanele abe nephutha. Manje,

uma uMohamede ephila, makakhulume; uma uJesu ephila, Makhulume, wena nquma."

25 Ungalokothi wesabe ukufaka noma yisiphi isithembiso sobuNkulunkulu emnyakazweni. Futhi khumbula, ungalokothi usikhohlwe lesi sicaphuno: "Ukuthi isimo sengqondo esifanele kunoma yisiphi isithembiso sobuNkulunkulu kuleliBhayibheli sizosifezekisa." Kukhumbule nje lokho. Isimo sengqondo esifanele kunoma yisiphi isithembiso sobuNkulunkulu esilotshwe kuleliBhayibheli sizosifezekisa. Ngakho manje, kugcineni nje lokho emqondweni wenu. Uma uNkulunkulu enza isithembiso, futhi uyothatha isimo sokuziphatha esifanele kulesosithembiso, uNkulunkulu uzogcwalisa yonke into Ayethembisile. Ngiyazi ukuthi lokho kuyiqiniso. Futhi ngiwubonile umdlavuza isarcoma uphulukiswa ngalokho, ngoba abantu bakholwa ukuthi bekuyiqiniso.

26 Manje, lapho uyokhuluma ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ngezinye izikhathi bathi, "UMfowethu Branham ungumphulukisi ngokukaNkulunkulu." Lokho akulungile. Ayikho into okuthiwa umuntu engumphulukisi ngokukaNkulunkulu, akukaze futhi akusoze. UJesu wayengesuye uMphulukisi ngokukaNkulunkulu, Wathi Wayengesuye, "AkusiMi owenza imisebenzi, NguBaba waMi ohlala kiMi, Wenza imisebenzi." Bekuhlala njalo kunguNkulunkulu.

27 EmaHubweni 103:3 wathi, "UyiNkosi ethethelela bonke ububi bethu; futhi uphulukisa zonke izifo zethu."

28 Futhi manje, sikufundisa kanjani ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu namhlanje na? Lokho kungukuthi... "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina."

29 Manje, lapho uthi...Uma bengiyothi kuleliqembu elincane kulobubusuku, "Bangaki kini abasindisiwe, abasindisiwe ngonyaka odlule na?"

Awu, abanye benu beniyophakamisa izandla zenu.

"Bangaki abasindiswa eminyakeni engamashumi amabili edlule na?"

Abanye bebeyophakamisa izandla zabo.

30 Awu, lokho sekungashiwo ukuthi kuyiqiniso, kodwa nokho akusilo iqiniso lonke. Wasindiswa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule ngenkathi uJesu efela wena, usanda kwemukela nje ukuxolelwa kwakho onyakeni owedlule, futhi eminyakeni engamashumi amabili edlule, kanjalonjalo. Manje lokho yi...Niyabo, yi—yisibusiso sokuhlenga uJesu asiqeda eKalvari, lapho Alinyazwa khona ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaKhe siphili*siwe* thina. Akekho umuntu ongathethelela izono zakho, ngaphandle uma wonile kuye,

futhi akukho-muntu ongaphulukisa izifo zakho, ngoba sekuvele kwenziwe.

31 Uma uKristu, qobo lwaKhe, emi lapha kulobubusuku egqoke lesudu Anginike yona, Ubengeke akuphulukise, Usevele ukwenzile. Niyabo? Yena. . .Uma uhlengiwe, ungahlengwa kanjani okwesibili na? Usuvele uhlengiwe. Uma ubunokuthile esitolo esibambisa ngempahla, futhi wahamba futhi—futhi unikeze irisidi, futhi unerisidi yokuthi uyihlengile leyonto esitolo esibambisa ngempahla, ungayihlenga kanjani okwesibili na? Isivele ihlengiwe. Ngakho singumkhiqizo ohlengiwe womusa kaNkulunkulu. Alibongwe iGama laKhe eliNgcwele! Uyi. . . Sesihlengiwe manje, ngokwenyama nangokomoya.

32 Manje, kwenzekeni na? Manje sidonsa isibambiso sensindiso yethu. Futhi uma ingekho imali yesibambiso phansi yokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, khona-ke akukho ukuvuka; uma ingekho injabulo nokuPhila okusha okwenza imvelo entsha nomuntu omusha, khona-ke akukho kuPhila okuPhakade, si—siyoba nokuphela ngoluny'usuku, kodwa uma sinokuPhila okuPhakade, akunasiphelo, ngoba lokho ngukuPhila kukaNkulunkulu.

33 Bese kuthi-ke uma sinenjabulo yalokho ezinhliziyweni zethu, futhi siyazi ukuthi sedlulile ekufeni sangena ekuPhileni, nempilo yethu ilolongeka nalokho uNkulunkulu akwethembisa, khona-ke sinesibambiso sensindiso yethu, sazi ukuthi siyophila phakade, ngoba izingxenye ezingahlukaniseki zikaMoya waKhe isebenza ngathi. Bese kuthi-ke, uma kungekho ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, khona-ke akukho ukuvuka. Niyabo? Ngakho sifanele sibe nabo bobabili ofakazi, njengoba bobabili be. . .ukuPhila okuPhakade okuphelele, nokomzimba wethu ovukileyo.

34 Manje, ngikholwa ukuthi iZwi liyiZwi eligcwele likaNkulunkulu. UNkulunkulu angenza into ethize engalotshiwe kuleliZwi, ngiyazi Mkhulu ngokwenele, Angenza lokho Afuna ukukwenza, kodwa kimi ngikholwa ukuthi nje Akuloba lapha kuyinqwaba. Angifuni *okungaphezu* kwalokho Akuloba, kodwa ngifuna *konke* lokho Akuloba. Niyabo? Angifuni ukwengeza lutho kukho, noma ngisuse noma yini kukho, ngifuna nje lokho Akushilo.

35 Manje, kunezikhathi eziningi abantu abangahle bathi, awu, izinto ezehlukene, nga*lokhu*, futhi babe nesayense encane yezenkolo, nezivumokholo ezincane, kanjalonjalo, lokho kulungile, kodwa kimi, ngithanda ukuhlala nje kulokho Akusho, khona-ke ngikusho nje ngendlela Akusho ngayo, futhi khona-ke uyazi ukuthi uqinisile.

36 Abaningi benu madoda lapha kulobubusuku, nina bothisha, niyazi eTestamenteni eLidala babenendlela yokwazi ukuthi ngabe umuntu wayekhuluma iqiniso

noma qha. Futhi ba—bathatha umuntu baya ethempelini, futhi babenalokho okubizwa nge-Urimi neThumimi, naleso kwakuyisivikelo sesifuba u-Aroni ayesigqoka, futhi sasinamatshe ayishumi nambili kuso, emele izizwe eziyishumi nambili zakwa-Israyeli. Futhi ngenkathi umprofethi eprofetha, umphuphi waxoxa iphupho, futhi uma kwakuyiqiniso futhi uNkulunkulu wayekulelophupho, noma kulesosiprofetho, zonke lezozinkanyiso zacisha ukuKhanya okungaphezu kwemvelo, isibumbatha seziNkanyiso ukuthi uNkulunkulu wayephendula. Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso, kini bafundi beBhayibheli lapha na? Kuhle ukuba nabefundisi bephakamisa izandla zabo. Kwakuyisibumbatha ukumela okungaphezu kwemvelo.

37 Awu-ke, uma. . . Khona-ke ubupristi buka-Aroni nemithetho kaMose yedlula, futhi manje sinobupristi obusha, ne-Urimi neThumimi entsha. I-Urimi neThumimi endala yedlula nobupristi, kodwa sine-Urimi neThumimi entsha, lelo yiBhayibheli likaNkulunkulu. Bese kuthi-ke, uma indoda ikhuluma iqiniso, futhi imele iqiniso elivela eZwini likaNkulunkulu, iZwi elifanayo elalikhona ekuqaleni lizobonakalisa futhi lenze okuqinisekileyo phambi kwenu kokungaphezu kwemvelo. Uma lokho kungesilo iqiniso nje njengoba ngazi ukuthi kushiwo kanjani, a—angikwazi emBhalweni khona-ke. Niyabo? UNkulunkulu wenza isithembiso noNkulunkulu ufanele asigcine lesosithembiso. Niyabo?

38 Manje, umbuzo ubungukuthi, kulobubusuku, kulamaGreki, abuza lombuzo, futhi angikholwa ukuthi bekuyoba yinoma yini okuhlukile kithi kulobubusuku, wonke umuntu owake wezwa iGama likaJesu ulangazelela ukuMbona. NalamaGreki ayekhuphukile, ayengamadoda okuhlakanipha nokuqonda, "NamaGreki afuna ukuhlakanipha, izibonakaliso zamaJuda." NalamaGreki eza emkhosini, futhi ayezwile ngoJesu, futhi eza kwenye yezinceku zaKhe ase ethi, "Mnumzane, sithanda ukubona uJesu."

39 Manje, ngikholwa ukuthi lokho bekuyoba yisifiso sayo yonke inhliziyo lapha, ubungethande ukuMbona kulobubusuku na? Sonke besiyothanda. Awu khona-ke, uma—uma besingathanda ukuMbona, nalamaGreki anikwa inhlanhla yokuMbona, manje, uma ayenikwe inhlanhla yokuMbona, futhi sinesifiso esifanayo kulobubusuku ukuMbona, nomBhalo uthi, "Unguye izolo, namuhla, naphakade," pho kungani singaMboni na? Ngabe lokho kuzwakala kahle na?

40 Bukani, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, futhi anikwa inhlanhla yokubona uJesu, khona-ke namhlanje bathi Usenguye namhlanje lowo Ayenguye ngaleyonkathi, khona-ke uma sinesifiso esifanayo, kungani singeMbone na? Impela singakwazi, ngoba Wakwethembisa. U. . . Ufanele nje uhambe ngokweZwi laKhe, usebenze iZwi laKhe.

41 Uma ubunomthombo ophethuzayo *ngapha* utshaza amanzi amafidi angamashumi amahlanu emoyeni, nesitshalo ngaku*lolu*hlangothi sivutha, ungeke ume lapho kuleligquma futhi udazuluke kulamanzi, "Woza ngapha uzonisela isitshalo sami! Woza ngapha uzonisela isitshalo sami!" Akusoze kwakwenza. Kodwa uma usebenza ngokwemithetho yamandla adonsela emhlabeni, ayoletha lawomanzi khona lapho futhi anisele lesositshalo.

42 Futhi uma umi phandle endle, futhi kumnyama le phandle emahlathini, futhi udinga ukukhanya, futhi wena uthi, "O, gesi omkhulu, umoya ugcwele wona, uFranklin usitshela ukuthi kunokwanele kuwo wonke amagumbi ukukhanyisa igumbi, kukagesi. O, gesi omkhulu, ulapha, usosayensi wafakazisa ukuthi ulapha, manje yenza ukukhanya, ukuze ngikwazi ukuhamba ngiphume emahlathini." Akusoze kwakwenza. Kodwa uma uzosebenza ngokwemithetho kagesi, uzokukhanyisela amahlathi. Niyabo? Kulapho.

43 Manje, uNkulunkulu wenza isithembiso, futhi uma sizosebenza ngokwemithetho yalesosithembiso, noNkulunkulu, imithetho yaKhe kaMoya, si. . . Uyokwenza khona impela nje okwathi Uyokwenza. Manje, ungeke ume uthi qekelele futhi ucabange into ethize, futhi uyimpongolozele, futhi uyidazulukele, noma wenze ukuzihlawulisa, futhi usho amarosari, futhi ugijime ngamadolo akho emadwaleni, futhi—futhi—futhi uye ebandleni futhi ube. . . Lokho—lokho akusikho okukuthathayo, kuthatha umthetho, nokukholwa yilokho umthetho kaNkulunkulu oyikho kuwe, ufanele ube nokukholwa. Ukuze ube nokukholwa, ungeke wesekela ukukholwa nje ezihlabathini ezigudlukayo zesayense yezenkolo yomuntu, ukukholwa kuthatha ukuma kwakho kwangunaphakade phezu kweDwala elingenakunyakaziswa leZwi likaNkulunkulu eliPhakade futhi kuphumule lapho.

44 Njengomama kaMose nje, ngenkathi emfaka e—emkhunjini omncane, futhi wamkhipha ngokushesha ehlashaneni, nango wayemi lapho, ebeka ingane yakhe kuyo impela imihlathi yezingwenya ama-aligeyitha, no—nokufa. Kodwa, niyabo, ukukholwa kungathatha ukuma kwakho eDwaleni lemiNyaka, khona ngqo phezu kwethuna futhi kubuke ngale kwalokho kuYe owathi, "NgingukuVuka nokuPhila." Niyabo? Ukukholwa akwazi kwehlulwa, qhabo, mnumzane. ukukholwa ngeke kwehlulwa.

45 Ngakho ukuze sibone uJesu, sifanele sibe nokukholwa ukuba sikholwe ukuthi Ulapha futhi uyasigcina isithembiso saKhe.

46 Manje, ake sibuyele emuva emiBhalweni kancane nje khonake. Manje, iBhayibheli lathi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Manje, uma singabuyela emuva emBhalweni futhi sithole ukuthi

Ubeyini izolo, khona-ke singaMlindela ukuba afane namhlanje (Ngabe kunjalo na?), uma sithola lokho Abeyikho.

47 Manje, indawo yokuqala, sithola ukuthi Akazange azisho ukuthi unguMphulukisi, Washo ukuthi kwakunguBaba waKhe owayehlala kuYe, wenza umsebenzi, siyakwazi lokho. Bese kuthi-ke, si—siyabona ukuthi Akashongo ukuthi Wayengaphulukisa nomaphi, uJohane oNgcwele manje, wena obhala phansi imiBhalo, uJohane oNgcwele 5:19, uJesu wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza."

48 Ukhona owake wakufunda lokho na? Kulungile. Manje, ngabe Washo...? Ngabe yiqiniso lelo, noma ngabe lokho yiphutha na? Lelo yiqiniso. "Ngiqinisile, ngiqinisile," lokho ngukuthi, *ngokoqobo*, *ngokoqobo*, "Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza. UBaba uyasebenza, naMi ngiyasebenza kuze kube manje."

49 Manje, Wedlula nje ngasechibini elikhulu lapho izinkulungwane zabantu zazilele ziyizinyonga, izishosha, izimpumputhe, abashwabeneyo, futhi Wedlula kulelochibi eqalaza. Kwakukhona omama bezingane ezinekhanda elinamanzi, kwakukhona abantu bonke ababeyizinqekle futhi bekhubazekile, bezama ukungena emanzini, wedlula ngqo esixukwini, akazange athinte namunye wabo, futhi waqalaza, waze Wathola umuntu elele ohlakeni.

50 Manje, ngiqagele nina boYankee niyazi ukuthi yini uhlaka. Ngakhuliswa kolulodwa ezansi eningizimu, indwangu nje yokumboza umbhede ibekwe emnyango. Ngakho-ke ba... Lomfo wayelele phezu kohlaka oluncane, noJesu, iBhayibheli lathi Wayazi ukuthi wayekade ekulesosimo iminyaka *eminingi kangako*, iminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili, ngiyakholwa. Manje, niyabo, Wayekwazi, uBaba wayeMbonisile. Futhi Wathi kuleyondoda, "Thabatha uhlaka lwakho, uye endlini yakho," futhi waphenduka futhi washiya sonke lesosixuku, izinkulungwane zezinyonga, izishosha, izimpumputhe, nabashwabeneyo belele lapho.

51 Futhi Wabuzwa, futhi Wathi, "Ngiqinisile, Ngithi kini iNdodana ingenze lutho ngokwaYo; kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza." Ngamany'amazwi, niyabo, kwakubuyisela emuva ngqo, uBaba waMkhombisa lapho leyondoda yayilele khona lapho, isimo sayo, Waya kuyo, wayiphulukisa, yahamba, unika uNkulunkulu udumo. Akukho okunye ayengakwenza, ngoba uBaba wayengaMkhombisanga lutho olunye. Uma lowo bekunguJesu izolo, nguJesu namhlanje.

52 Manje, bhekisisani ukuthi Wathini: "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona," (Ngabe Wakusho lokho na?) "nokho niyoNgibona nina," (Manje, izwe ngongakholwayo, siyakwazi njalo, yi*kosmos* ngesiGreki okusho "uhlelo lwezwe,"

kulungile.) “izwe ngeke lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina,” *nina*, iBandla, “ngokuba Ngi,” u *Ngi* yisabizwana somuntu, “Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe.” Ngabe umBhalo usho lokho na? Sonke siyazi Wakusho lokho.

53 Manje, Wayengazibonakalisa kanjani Yena uqobo manje na? Wathi, “Ngingu—nguMvini, nina ningamagatsha.” Manje, umvini awutheli isithelo, u—unikeza ukuphila egatsheni negatsha lithela isithelo. Nina bantu enhla lapha eConcord benifanele nikwazi lokho, ngamagilebhisi enu, kanjalonjalo, nina, nesithelo senu. Uma uya esihlahleni samagilebhisi khona-ke, noma, umvini wamagilebhisi, ubuyolindela ukuthola amagilebhisi, uma kungumvini wamagilebhisi. Umvini ungeke uthele isithelo, kodwa amagatsha azobe ethela amagilebhisi, kunjalo.

54 Uma uya esihlahleni sama-apula esihle, isihlahla esivundile, sizothela ama-apula, isihlahla samapheya sizothela amapheya, umvini wekhabe uzothela amakhabe, umvini wethanga uzothela ithanga, yonke into yaziwa kuyo uqobo, khona-ke uMoya kaNkulunkulu eBandleni laKhe, uzophinda uveze ukuPhila kukaKristu uma EnguMvini, futhi thina singamagatsha. Impela.

55 Niyabo, sikushintshile lokho, sikwenze ukujoyina ibandla, ukufundisa isayense yezenkolo, ukuba nesikole, akukho okumelene nalokho, kodwa niyabo, akusikho lokho Akusho. “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza; eminingi kunale niyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi. Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina; ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. UJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade.”

56 Lapha bangani yilesisithombe, ngiqagele bebesikhombisa esikhashaneni esedlule, lesisithombe lapha, banakho lokho eJalimane nasemhlabeni wonke jikelele. Kusukela ngisengumntwana omncane, ngakubona lokho. Manje, kimi, uma nizokuxolela, ngi . . . Akusiso isithombe sami, angihlangene ngalutho nalengxenye, YiNgelosi yeNkosi.

57 Manje, bangaki abafundisi beBhayibheli owaziyo, phakathi lapha, ukuthi iNgelosi yeNkosi eyahola abantwana bakwa-Israyeli ehlane kwakunguKristu na? Ngabe kunjalo na? Ngenkathi Esemhlabeni, wathi, babebuza, uJohane oNgcwele 6, wathi, “Ngani, u . . . siyazi ukuthi unodeveli manje uma Uthi Wawukhona ngaphambi kuka-Abrahama, ngaphambi kukaMose, nangaphambi kwa*lokhu*, *lokho*.”

58 Wathi, “Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA.” Ngabe kunjalo na? Kwakungubani uNGINGUYE na? INgelosi eyakhuluma noMose eNsikeni yoMlilo esihlahleni esivuthayo. Wahola abantwana bakwa-Israyeli badabula ehlane, khona-ke Waba yinyama futhi wakha phakathi kwethu,

uNkulunkulu enziwe inyama, iBhayibheli lathi Wayenjalo. UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe. WayeyiTabernakele uNkulunkulu ayehlala kulo, wazalwa ngokuzalwa yintombi, futhi wayekuleliTabernakele leNdodana yaKhe, ebonakalisa, ekhombisa, Ezizwakalisa ezweni, Yena eyiNdodana kaNkulunkulu, ukuze Angenise amanye amadodana enziwe abantwana angene eMbusweni.

59 Manje, ngenkathi leNsika yoMlilo yayikuYe, ekupheleni kohambo lwaKhe Wathi, "Ngavela kuNkulunkulu; futhi Ngibuyela kuNkulunkulu." Khona-ke Wavela eNsikeni yoMlilo, futhi wabuyela kokufanayo uma Ekhulume iqiniso, uma Wayengu NGINGUYE, owayesesihlahleni esivuthayo.

60 Manje ake sibone uma lokho kungokomBhalo. Esikhathini esingeside kakhulu emva kwalokho, kwakukhona oyedwa othiwa uSawulu, kamuva owabizwa ngoPawulu, wayesendleleni yakhe eya eDamaseku, futhi khona manjalo ukuKhanya okukhanyayo kwabaneka ebusweni bakhe okwakukhanya ukwedlula ilanga, futhi kwaphuphuthekisa ngisho uPawulu waze wawa, Wayesethi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?"

Wathi, "Ungubani Wena, Nkosi na?"

Wathi, "NginguJesu." Kunjalo na? Ebuyele eNsikeni yoMlilo futhi, Lowo ofanayo owakhulula uPetru ejele, kungekudala emva kwalokho.

61 Khona-ke ngalolu izinsuku zokugcina, uma Eze ebandleni labeZizwe, uma lesi kuyisithombe saKhe . . . UGeorge J. Lacy, inhloko yeFBI, wasihlola, abahloli baseJalimane, eSwitzerland, emhlabeni wonke, wathi, "Lapho . . ." Nizokubona kulobubusuku uma Efika, futhi nizokubona.

62 Manje, uma Lowo kunguMoya kaKristu, Uzofanele ufakaze ubufakazi obufanayo, Uyodingeka uthele isithelo esifanayo, Uyodingeka wenze into efanayo, Uyodingeka umemezele uNkulunkulu ofanayo, Kuyoba yiso impela isithelo soMvini, uma singamagatsha aKhe. Ngabe kunjalo na?

63 Manje, Ungeke nje wasebenza ngoyedwa, Uzofanele usebenze ngathi sonke, sonke siyiBandla laKhe. Wena Methodisti, Baptisti, Presbyterian, Luthela, Pentecostal, Assemblies of God, noma ngabe uyini, singamagatsha aKhe, futhi uma sikulowomVini, sithela ukuPhila kwaKhe, asikwazi ukukuvimba. Futhi uma leyoNsika yoMlilo iyiNsika yoMlilo efanayo, Iyokwenza ngendlela efanayo Eyenza ngayo ngenkathi Ima lapha, yenziwe inyama futhi yakha phakathi kwethu, Izoba senyameni yethu kulobubusuku, Izibonakalisa. Ngabe kunjalo na? Khona-ke sithanda ukubona uJesu, onguye, izolo, namuhla, naphakade.

64 Ake sibhekisise ukuthi YaZibonakalisa kanjani osukwini lwaYo. Asithathe manje, sifunda kuJohane oNgcwele, u, ngikholwa ukuthi isahluko 12, yebo, asibuyele esahlukweni

1, nisifunde lapho seniya ekhaya. Ngilandeleni manje emiBhalweni, uma nifisa, okwemizuzwana embalwa nje. [UMfowethu Branham ulungisa umphimbo wakhe—Umhl.] (Uxolo.)

65 Manje, qaphelani, ngenkathi uJesu ebizelwa enkonzweni yaKhe yasemhlabeni, masinyane, kwabakhona oyedwa ophendukile futhi wagijimela umfowabo. Futhi ngenkathi—ngenkathi ethola . . .

66 Ngabe . . .? Ngabe ngikhulumela phezulu kakhulu lapho na? Ngabe lokho sekuthi akukwenza ube yisithulu na? Kade ngijwayele ukukhuluma e . . . ngaphandle, nasezinkundleni zemidlalo, nezinto, futhi angiqondile ukuniklabalisela.

67 Kodwa ngenkathi eya kweyakhe . . . wathola umfowabo, futhi wabuyisa umfowabo . . . Futhi siyamazi umfowabo ukuthi nguSimoni Petru. Ngalesosikhathi wayengesilo lelogama. Ngakho wenyukela eBukhoneni bukaJesu. Ake simbhekisise umzuzu nje manje, sibone ukuthi uJesu ubeyini izolo. Futhi uma singathola lokho Akwenze izolo, khona-ke Uzofanele enze eBandleni laKhe ngokufanayo namhlanje, ukuba afane. Manje, kugcineni lokho engqondweni yenu.

68 Futhi ngenkathi uFiliphu ehamba futhi wafumana, ngisho ukuthi u-Andreya wahamba futhi wafumana umfowabo, futhi wamletha kuYe, futhi into yokuqala ngenkathi uJesu ebona lendoda . . .

69 IBhayibheli lathi wayengazi lutho futhi eyindoda engafundile, engazange, engakwazi ngisho nokusayina igama lakhe uqobo. Engazi lutho futhi engafundile, futhi waba yinhloko yeBandla. Luhlangene ngani uhlelo lwethu lwezemfundo nalokho na? Niyabo? Umuntu owayengakwazi ukusayina igama lakhe uqobo wayenezihluthulelo zeZulu, noMbuso kaNkulunkulu ulenga ohlangothini lwakhe, uPetru oNgcwele. Kunjalo. Umdobi omdala, wayengabazi o-ABC bakhe, mhlawumbe wayengakwazi ukubala kude kakhulu, wayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe, iBhayibheli lathi wayeyikho kokubili engazi lutho futhi engafundile. UmBhalo uqinisile, lokho kuseZenzweni 4. Kulungile. Qaphelani, uJohane wayenjalo, naye.

70 Kodwa kwathi nje lomdobi omdala angakhuphukela eBukhoneni beNkosi uJesu, uJesu wambuka, Wayesethi, "Igama lakho unguSimoni, negama likayihlo nguJonase." Kunjalo na?

71 Ucabanga ukuthi lowomdobi kufanele ukuthi wacabangani na? "Ungaze kanjani na? Ngani, Ufanele ukuba nguMesiya! Ungaze kanjani, ukwazi lokho, ukuthi igama lami lalingubani, nokuthi ubaba wami wayengubani na?"

72 Futhi ngokushesha-ke, omunye ogama linguFiliphu wagijima ezungeza intaba amamayela ayishumi nanhlanu endaweni lapho athola khona iPresbyterian elikahle ngempela,

noma ikholwa lomthetho elikahle ngempela, futhi wayephandle esivinini, engadini yeminqumo, ekhuleka.

73 Futhi masinya nje. . .Ake senze kube umdlalo wasesiteji lokhu ukuze abancane bezokuthola, futhi lapho ephuma engena engadini yezithelo, mhlawumbe umkakhe, ngenkathi ehamba futhi wathi, "Uphi uNathanayeli na?"

"O, Filiphu, sijabula kakhulu ukukubona. UNathanayeli, usebuyele engadini yezithelo."

74 Futhi nangu uFiliphu ebuyela emuva, ehambahamba edabula engadini yezithelo, ebona ayengakuthola. Emva kwesikhashana wezwa omunye ekhuleka, wabuka phansi komuthi, futhi nakho kumi uNathanayeli phansi komuthi, noma eguqile, njalo, ekhuleka, noFiliphu, elindele ukubona aze aqede, futhi ngenkathi ethi, "Amen," futhi waqalaza, wathi, "Ngani, Filiphu, ngiyajabula ukukubona."

Wathi, "Woza ubone ukuthi Ubani esimfumene!"

75 O, uma leliqembu kulobubusuku, lenu bantu lapha abavela eConcord, kulelikomkhulu elikhulu, lesinye sezifundazwe ezinhle kakhulu eNhlanganweni, uma ubungaba naleyontshisekelo ngoKristu! Akalindanga, wathi, "Ngiyajabula ukukubona," lutho ngakho, wathi, "Woza ubone esiMfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

76 Leyo ntshisekelo, ibandla namhlanje lilahlekelwe intshisekelo yalo. Ngani na? Ngoba liphumile eMvinini, akusesikho ukunikwa amandla nguMoya, imithombo yamanzi iphuphuma ingene ekuPhileni okuphakade, sebelahlekelwe yileyontshisekelo, kukhona okushodayo. UNkulunkulu uhlala efana, uKristu uhlala efana, kodwa ibandla laKhe lizehlukanisile nokuxhumana kwaKhe, uMvini, uMoya.

77 Kwase kuthi-ke, ngenkathi bebone lokhu kwenzeka, nicabanga ukuthi kwenzekani ngenkathi ethi, "Woza ubone ukuthi Ubani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa"?

78 Nalendoda yomthetho, indoda ekahle kakhulu, umgomo ngandlela zonke, yathi, "Manje, umzuzu nje, Filiphu, ufanele ukuthi uchezukele ekugcineni okujulile ndawondawo. Yini enhle ebingaphuma eNazaretha na? Uma nicabanga ukuthi lowo nguMesiya, uma uMesiya ubezofika, Ubeyofika ethempelini."

79 Yilokho nina Katolika okucabangayo, Ubeyoya eRoma, nina maPresbyterian nicabanga ukuthi Ubeyoya kumbhishobhi wenu, nina maPentecostal nicabanga ukuthi Ubeyoya egoseni lesifundazwe, kodwa Uya nomaphi lapho Afuna ukuya khona, lowo ngumsebenzi waKhe.

80 "O, beKuzofanele kufike ehlelweni lami, uma Efika." Yilokho uFiliphu akucabanga, noma, lokho uNathanayeli akucabanga, "Kukhona okuhle okungavela eNazaretha,

indawo encane kanjalo na? Uma uMesiya ubeyofika, Ubeyofika ethempelini laKhe elikhulu eJerusalema. Uyofika, uKayafase, umpristi omkhulu wayezobe exwayisa yonke indawo."

81 Niyabo, indlela Aziveza ngayo Yena uqobo ngalolosuku yayingekho kulolohlobo lwabantu, futhi kuyafana namhlanje. Uhlala efana, izimo zaKhe zokuziphatha. UMoya awuguquki, abantu bayaguquka besuka komunye umoya baye komunye, kodwa umoya uhlala ufana. Labo abagongobeleyo, abafundisi bomthetho, basekhona nanamhlanje; labo abathobekile, abantu abavumelana nezimo owayevuma ukukhothama eBukhoneni bukaNkulunkulu, balapha namanje. NoMoya oNgcwele ulapha, nomoya kadeveli ulapha, ungenwe omunye noma ngomunye, hhayi yomibili yawo, owodwa noma omunye, angeke wakhonza amakhosi amabili kanye kanye, kusho umBhalo.

82 Manje qaphelani, wathini na? "Kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na?"

Ngicabanga ukuthi wamnika impendulo ezedlula zonke noma yimuphi umuntu ayengamnika yona, wathi, "Woza ubone."

83 Ungahlali ekhaya futhi ugxeke, ungasho nje ukuthi, "Awu, mhlawumbe kulungile." Woza uzozitholela wena. Yileyondlela yokukwenza, woza uhlale phansi, uzilalele, hlola imiBhalo.

84 Futhi endleleni, lapho behamba, asibalandele kancanyana nje, sengiyamuzwa uFiliphu ethi kuNathanayeli, "Uyamazi lowomdobi omdala, ngalolosuku owathola kuye inhlanzi, wawufuna asayine irisidi, futhi akakwazanga ukuyisayina na?"

"Yebo."

"Wenyukela eBukhoneni baloJesu waseNazaretha, futhi Wamtshela ukuthi wayengubani, Wamtshela ukuthi igama likababa wakhe lalingubani, uJonase. Futhi uyazi, bekungeke kungimangaze kodwa lokho Akutshele khona ukuthi ubungubani, ngenkathi ufika."

"O, manje umzuzu nje, angikholelwa entweni enjengaleyo. Ngizofanele ngikubone ngamehlo ami."

Wathi, "Woza."

85 Futhi ngenkathi bengena eBukhoneni bukaJesu, uhambo lwamamayela ayishumi nanhlanu ukuzungeza izintaba, futhi lapho bekhuphukela eBukhoneni bukaJesu, mhlampe emgqeni womkhuleko, noma ngabe kwakukuphi, angazi, akusho, kodwa ngenkathi engena eBukhoneni bukaJesu okokuqala, bhekisisani ukuthi uJesu wenzeni izolo: Wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

86 Manje, wena uthe, "Kusobala, ubegqoke kanjalo."

Bonke babegqoka ngokufanayo, wayengaba ngumArabu, wayengaba ngumGreki, bonke babembethe ingubo ende kanye nomshuqulo.

87 Wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Wayengaba ngumkhohlisi, umbulali, isela.

Futhi kwammangaza kangangokuthi wathi, "Rabi," okusho ukuthi *mfundisi*, "Uke wangazi nini na?"

88 Bhekisisani impendulo ibuya: "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona." Amehlo anje pho! Amamayela ayishumi nanhlanu ukuzungeza intaba kuthangi.

89 Lowo kwakunguJesu izolo, uma Enguye namhlanje, Uzofanele ahlale efana kubantu baKhe namhlanje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Wathini na? "Angenzi lutho aze uBaba aNgikhombise." UBaba wayeMbonisile ukuthi wayephansi komuthi ngaphambi kokuba afike. WaMkhombisa uSimoni, ukuthi wayengubani ngaphambi kokuba afike, waMtshela ukuthi uyise wayengubani. Niyabo, manje, yileyondlela uJesu aqala ngayo ezimele Yena uqobo.

90 Manje, bangaki owaziyo ukuthi zintathu kuphela izinhlanga zabantu na? Lowo ngabantu bakaHamu, uShemu, noJafete. Impela. Zivela emadodaneni kaNowa, uma umBhalo uqinisile. Kulungile. Lelo yiJuda, oweZizwe, nomSamariya. UmSamariya ungumJuda uhhafu noweZizwe.

91 Kinina bantu enifunda umBhalo wenu: UPetru wayenezihluthulelo kuwo uMbuso, eZenzweni 2, wawuvula kumaJuda eJerusalema, wehla ngqo. UFiliphu wehla, washumayela kumaSamariya. I. . . Futhi omunye wayekade esezansi lapho phambi kwakhe, ogama linguStefanu, noma, hhayi uStefanu, kodwa ake sibone ukuthi ngingalibiza yini igama lakhe emzuzwini nje, kuhambisa ingqondo yami njengamanje, uFiliphu, futhi wehla futhi washumayela kubo, futhi babemukele iZwi, kodwa babengamamukelanga uMoya oNgcwele, ngoba uPetru wayenezihluthulelo, uyehla futhi wabeka izandla phezu kwabo, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo.

92 IZenzo 10:49, abeZizwe, phezulu lapho ngenkathi uPetru evula iVangeli kwabeZizwe, futhi kusukela ngaleyonkathi, zonke izizwe zaba nakho, aLizange lisakhuluma ngakho. Kwakuyini na? UmJuda, oweZizwe, nomSamariya.

93 Manje, ngenkathi uJesu ezimele Yena uqobo kumJuda, niyabona ukuthi Wakwenza kanjani, kuyo impela inkonzo yaKhe yokuqala na?

94 Manje, bhekisisani ukuthi uFiliphu wathini, "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli."

Yilokho okwashiwo yileloJuda lokuqina langempela, ngenkathi Ethi, "Ngakubona, ngaphambi kwakho . . . ngenkathi uphansi kwalowomuthi, Ngakubona."

NoFiliphu wathi, noma, uNathanayeli wathi, "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; iNkosi yakwa-Israyeli."

UJesu wathi, "Ngoba Ngikutshelile ukuthi Ngikubonile uphansi kwalowomuthi, uyaNgikholwa na?"

Wathi, "Yebo."

"Awu, khona-ke uzobona okukhulu kunalokhu." Niyabo? Wayesesimweni sokwazi okuthile, ukuba aqhubeke noNkulunkulu.

95 Kodwa kwakukhona labo abama eduze, amaJuda, izifundiswa zangempela, i Ph.D., i D.D., o L. abaphindwe kabili no D., izifundiswa ezinkulu kakhulu. Niyazi ukuthi bathini na? Bathi, "Lendoda ingumbhuli, inomoya kadeveli, uBelzabule." Bangaki okwaziyo lokho na? "Ukwenza lokhu ngamandla kaBelzabule, umbhuli." Futhi noma ubani uyazi ukuthi ukubhula kungokukadeveli. Ngakho wathi, "U— ungumbhuli, uBelzabule, inkosana yabo. Ungomkhulu kunabo bonke ababhuli."

96 Futhi wathini uJesu na? "Usho lokho ngokumelene naMi, Ngizokuthethelela, kodwa nxa uMoya oNgcwele efika ukuzokwenza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa, kulelizwe, nasezweni elizayo." Ngabe yilokho okushiwo ngumBhalo na?

97 Ngakho kukhona labo abazalelwe iziphetho zaPhakade, kukhona labo abangakwazi ukuzibamba. Baphuphuthekile, nodeveli uphuphuthekise okwabo. . . Abasoze bakubone, abakwazi ukukubona.

98 Futhi manje khumbulani, khona-ke sizobona. . . yileyondlela Azi. . . wazenza Yena uqobo waziwa eJudeni.

99 Manje, Uyedlula ngolunye usuku, kuJohane oNgcwele. . . Donsela umBhalo wakho ngqo ngale esahlukweni 4 manje, besisesahlukweni 1 lapho, yana kwese 4; ngibuyela kwesesi 3 emzuzwini nje, khona-ke sizovala.

100 Qaphelani, khona-ke ngenkathi Ewelela ku— kumaSamariya, Wayeya e, futhi Wedlula, ngaseSamariya, futhi Waya emzini othize, nomthombo uselapho ngaphandle komuzi, indawo ebonakala ngasikhathi sinye, into efana nale lapha, imivini yakhula ngakuwo, nomthombo.

101 Bonke abesifazane baphuma lapho ekuseni futhi bathwale amanzi abo, ba. . . futhi bangakhuluma, njengoba nje abesifazane benza, niyazi, futhi behlise imbiza yabo, bathole amanzi, bese bewathwala ngekhanda labo. Ngibabonile bethwala imbiza enkulu ngekhanda labo, bephethe cishe amagalane amahlanu, eyodwa enqulwini ngayinye, bahambe behle ngesitaladi bekhuluma, banqekuzise ikhanda omunye komunye, bengachithi ngisho iconsi, kuphelele nje, ngoba bakhuliswa kusukela kubantwana abancane kuya kulokho.

102 Futhi bona. . . Abafundi bangena ukuyolanda izinkwa, ukudla; uJesu wahlala yedwa. Ngani na? IBhayibheli lathi

Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya. Futhi Wahlala phansi lapho, futhi uyaphuma, ake sithi wayengowesifazane omuhle. Kusobala, siyaqonda lapha kulelizwe, ukuthi wayengunondindwa, wayekade eshade izikhathi *eziningi kakhulu*, futhi-ke ephila ngokuphinga. Futhi weza ngqo ngalapho uJesu ayekhona, wehlisa imbiza yakhe ukuba akhe amanzi. NoJesu wathi, “Sifazane, Ngiphuzise.”

103 Wayesethi, “Mnumzane, akusilo isiko kini maJuda ukuba nisicele thina maSamariya izinto ezinjalo.” Wathi, “Asinanhlanganyelo omunye nomunye, asinamasiko anjalo, ngoba kukhona ukwehlukana. UngumJuda nami ngingowesifazane ongumSamariya, asinamasiko anjalo, futhi akukho kudlelana omunye nomunye.”

104 UJesu wathi, “Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, ubuyocela kiMi amanzi, futhi Ngikulethela amanzi, ngikunike amanzi, awuzi lapha ukuzokha.” Wayenzani na? Exhumana nomoya wakhe.

105 Wayesethi, “Awu, Uthi Umkhulu kunobaba wethu uJakobe, owamba umthombo, futhi wa—waphuza kuwo, nabantwana bakhe nezinkomo zakhe, kanjalonjalo na?” Futhi wakhuluma ngokukhonza entabeni, eJerusalema.

106 Ingxoxo yaqhubeka uJesu waze wathola ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi. Ngabe ukhona owaziyo ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi na? Impela. Wayenamadoda amahlanu. Wathi, “Sifazane, hamba ulande indoda yakho, uze lapha.”

Wathi, “Anginandoda, Mnumzane.”

Wathi, “Kunjalo. Ubunamadoda amahlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho. Usho kahle.”

107 Wathini na? “Leyondoda ingumbhuli”? Qhabo. Wathi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi.”

108 Manje, uma uzobuyisela emuva lowo*mProfethi*, nguYe uMose ayekhuluma ngaye, owayezofika. Niyabo? Niyabo? “Ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Manje, thina,” maSamariya, “siyazi nxa uMesiya efika, Uyositshela lezizinto. Kodwa UnguBani na?”

UJesu wathi, “NginguYe okhuluma kuwe.”

Futhi wagijimela emzini wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini Lona impela uMesiya na?”

109 Lowo wesifazane wayazi kakhulu ngoNkulunkulu, lowo nondindwa, kunengxenye yabashumayeli baseNew England. Kunjalo. Hhayi iNew England kuphela, kodwa umhlaba wonke. Niyabo, babophe kakhulu nje ngesayense yezenkolo, yilokho kuphela abakwaziyo. Kodwa lona wesifazane wafundiswa izinto zikamoya, futhi wayazi ukuthi ngenkathi lowomProfethi wabaprofethi, leyoNkosi yabaprofethi iyafika, ukuthi Iyoba

yiYo eyayizokwembula imfihlo yenhliziyo. O, he! Kungani singaphaphami na?

110 Manje bukani, akakaze nakanye uJesu akwenze lokho ebukhoneni boweZizwe, nakanye. Ngani na? IVangeli lalingakayi koweZizwe. Ukhona okwaziyo lokho na? Ngenkathi Elapha, Wathi. . . Aka—Akayanga kwabeZizwe, futhi Wenqabela abafundi baKhe ukuba baye kwabeZizwe. Ngabe kunjalo na? Wathi, "Ningahambi ngendlela yabeZizwe, kodwa yanini kakhulu ezimvini ezilahlekileyo zika-Israyeli." Uyakwenqabela. Ngani na? AbeZizwe ubeneminyaka eyizinkulungwane ezimbili ebandleni labo. Babengabahedeni ngalezozinsuku, abantu bakithi babenjalo, abahedeni. Ngakho baneminyaka eyizinkulungwane ezimbili yesayense yezenkolo.

111 Manje, uma ukuvalwa kwamaJuda, ngenkathi Efulathela amaJuda, futhi yileyondlela Azazisa ngayo kumaJuda ngaleyondlela, Uzofanele akwenze ekuvaleni kwabeZizwe, kungenjalo Wenza iphutha ngenkathi Ezibonakalisa ngaleyondlela kumaJuda.

112 Uma sizovala lesi simiselo sesikhathi sabeZizwe ngesayense yezenkolo nje, "NgiyiPresbyterian. NgiyiPentecostal. NgiyiMethodisti. Ngi—ngiyiKatolika," uma Evala kanjalo, khona-ke Ubengeke abe nobulungiswa. Ufanele Azimele ngendlela efanayo Enza ngayo kumJuda, nakumSamariya. Akukaze nakanye kuwo wonke umlando Akwenze, ngokuba lokhu ngukuvalwa kwesimiselo sesikhathi sabeZizwe.

113 Isandla esilobayo sisodongeni, futhi nonke niyakwazi. Banesiputniki phezulu lapha esingaba yisathelayithi ekuseni, nezizwe ziyathuthumela futhi ziyaqhaqhazela. Futhi Wethembisa ukuthi Uyokhipha abantu kwabeZizwe beGama laKhe, kodwa kuphela labo uNkulunkulu abazi ngaphambili ngokhetho Azobabiza.

114 Uma inhliziyo yakho ilukhuni, Nkulunkulu yiba nomusa. Uma amehlo akho evulekile ukuba ubone, uNkulunkulu akubusise. Niyabo? Kunjalo. "Ngokuba akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala." AbaMbonanga, abaMqondanga, babecabanga ukuthi Wayewuhlanya, noma okhonza imimoya yabangasekho, noma udeveli ngalezozinsuku, ngoba amehlo abo ayevaliwe, umprofethi wathi ayovalwa.

115 Izimangaliso eziningi Ayezenzile ngaphambili, nokho abakholwanga, uMathewu oNgcwele, isahluko 12, ngoba u-Isaya wathi, "Banamehlo, futhi ababoni, izindlebe, futhi abezwa." Niyabo? Nakuba izimangaliso Ayezenzile, nokho abakuqondanga. Bathi, ibandla elikhulu lathi, "Ungudeveli." Ngakho yilokho abakukholwa, futhi.

116 Manje khumbulani, uNkulunkulu uthatha umuntu waKhe, kodwa neze uMoya waKhe; udeveli uthatha umuntu wakhe, kodwa neze umoya wakhe. UMoya ofanayo owawuku-

Eliya, wafika phezu kuka-Elisha; Ofanayo owawuku-Elisha ufika kuJohane umBhaphathizi eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva; uMoya oNgcwele owawukuKristu, uza eBandleni, futhi uzohlala kuze kufike uJesu.

117 Manje, kwenzekeni na? Yini ehlukile kulolusuku, kunasekuqaleni na? Umprofethi wathi kuyobakhona isikhathi sosuku, ukuthi akuyikuba yimini noma ubusuku, esikhwantabele, isikhathi senkungu.

118 INdodana yaphuma empumalanga, yilokho uJesu ayeyikho kubantu baseMpumalanga, amaSamariya, kanti futhi nakumaJuda. Wakhanyisa ukuKhanya kwaKhe, nalokho... ngenkathi Ezimele Yena uqobo lapho. Sedlule kulo lonke lolusuku olude, lokukhwantabele nje, olwenele ukuba sibe namabandla, sibe nesayense yezenkolo, ukuxhawulana, ufake igama lakho encwadini, ube namahlelo, kanjalonjalo, kodwa umprofethi wathi, "Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Ngabe wakusho na? Kulungile.

119 Yahamba kanjani impucuko na? Kusukela empumalanga kuya entshonalanga. IMpumalanga nentshonalanga manje sekuhlangene, sisogwini lwasePacific, umnyakazo olandelayo yimpumalanga futhi. Manje ini na? Khona-ke ilanga elifanayo eliphuma empumalanga, lishona entshonalanga; uMoya oNgcwele ofanayo ofikayo futhi wamemezela uKristu kubantu baseMpumalanga, futhi bekuyiyo yonke leminyaka yesayense yezenkolo nokunye nokunye, manje sekuqhekeze amafu, nokuKhanya kukhanya kubantu baseNtshonalanga ngaphambi nje kokushona kwelanga. Sisesikhathini sokuphela, mfowethu; sisesikhathini sokuphela, dadewethu.

120 Hhayi mina, angihlanganise lutho nakho, ngingumfowenu nje, angihlangene ngalutho nakho. Ngingumfowenu nje nenceku yenu kuKristu, noma isakhamuzi esikanye nani soMbuso. Kodwa uKristu uhlala efana, futhi sekuyisikhathi sokuba lezizinto zenzeke, izinhliziyo ziyehluleka, ukwesaba, iziputniki ezibhakabhakeni.

121 Isiphuzo esisodwa esengeziwe sikagologo, futhi bangadonsa isigwedlo esincane, futhi besiyoba yimpuqumpuqu emizuzwini emibili. Nezwe beliyothi ngqu phakathi elangeni ngaleya, lokho nje umBhalo okubikezela ukuthi kuzokwenza. Kodwa khumbulani iBandla lizoya eKhaya ngaphambi kokuba lokho kwenzeke. Futhi uma lokho bekungenzeka ngaphambi kokusa, bekungenzekani eBandleni lapho Lihamba kuqala na? UNkulunkulu ufanele ukuzikhombisa Yena uqobo ukuthi Usalokhu enguKristu, onguye, izolo, namuhla, naphakade.

122 Ngabe ninaso isikhathi sesinye futhi isicaphuno esincane, ngaphambi kokuba sikhuleke na? Lalelani lokhu: Ngolunye usuku uJesu wayedlula, futhi Wahamba edabula, ngapesheya

kolwandle, kwakukhona indoda encane eyehlayo, indodakazi yayo yayifile, futhi Wathi, “Ngi—ngizohamba ngiyoyivusa.”

123 Futhi kwakukhona owesifazane enhla lapho, abone ukuthi wayengeke angene emgqeni, amadoda ayecindezela ndawo zonke, futhi eMmbambatha emhlane, kanjalonjalo. Futhi Wayehamba, omncane, uhlobo oluthobile loMfo, iBhayibheli lathi, “Akukho-buhle, ukuba siMfise,” mhlawumbe iNdoda encanyanyana. Futhi lapho Esahamba, lona wesifazane omncane wayenomopho iminyaka eminingi, ukwedlula nje ukuya esikhathini, uma niqonda, futhi washo enhliziyweni yakhe, hhayi ekhanda lakhe, enhliziyweni yakhe, “Uma Ngithinta ingubo yaleyoNdoda, ngizosinda.” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

124 “. . .njengalokho.” IBhayibheli lathi waMkhuza. Futhi wathi, “Ngani, sonke isixuku siyaKuthinta!”

125 Wathi, “Yebo, kodwa Ngi—Ngibe buthakathaka.” Kwakuwuhlobo olwehlukile lokuthinta. O, Concord, nikeza lokho kuthinta. Ukuthinta: Wathi, “Ngibe buthakathaka, amandla aphumile kiMi,” ukuqina. “Ngibe buthakathaka.” Futhi Waqalaza.

Ukwesaba, wonke umuntu benikina ikhanda labo, “Akuyimi, akuyimi, akuyimi.” Niyabo? “Angikaze. Akuyimi.” Niyabo?

126 Waqalaza, futhi Wabuka ngale ezethamelini, futhi Wathola owesifazane omncane, Futhi Wathi, wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, nokukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe kunjalo na? Ngabe lowo kwakunguJesu izolo na? Awu, uma Enguye namhlanje! Umehluko kuphela ngumzimba waKhe wenyama. Njengoba Ethembisa, uMvini usebenza ngeBandla. Ngabe kunjalo na? Leso yisithembiso saKhe. Ubeyoba ne. . .

127 Manje, bangaki kini bafundi beBhayibheli. . .? Manje lalelisisani, ngabe umBhalo uyasho yini eNcwadini yamaHeberu ukuthi uJesu Kristu, namhlanje, ungumPristi oMkhulu ongathintwa umuzwa wobuthakathaka bethu na? Ngabe uyakusho na? Uyakusho.

128 Manje-ke uma EngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, Uzokwenza kanjani, uma EngumPristi oMkhulu, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Ubeyokwenza kanjani na? Ubeyofanele enze ngendlela efanayo Enza ngayo uma Efana. Ngabe kunjalo na?

129 Ngakho akunasidingo kuwe ukuba ube phezulu lapha emsamo, kholwa nje engikutshele khona okuvela eBhayibhelini likaNkulunkulu, futhi uthi, “Nkosi Jesu, nginesidingo kulobubusuku. Anginalo ikhadi lomkhuleko, ngeke ngibe semgqeni, kodwa lomshumayeli ungitshelile ukuthi—ukuthi Wena uyafana, nalowo wesifazane omncane wathinta ingubo yaKho, futhi Waphendukela kuye, futhi Wamtshela izimo zakhe

nokukholwa kwakhe kwakumsindisile, Nkosi Nkulunkulu, ngenzele lokho kulobubusuku."

130 Unga—unga . . . Hhayi mina, niyabo, anginalu- . . . Niyabo, kuyisiphiwo nje engizinikela ngaso mina uqobo kuMoya. NguMoya usebenza ngathi sobabili ngaleyonkathi, niyabo, okwenzayo, yileyondlela okwakungayo kuye. Wayengazi ukuthi ubani okwenzile. Kodwa ukukholwa kwakhe kuNkulunkulu kwakukwenzile. Manje, uma Enguye, ungaMthinta kulobubusuku ngokuzwa ubuthakathaka bakho. Ngabe lokho kuseyiqiniso na? "Banumzane, Sithanda Ukubona UJesu."

131 Bangaki owaziyo ukuthi ngicaphune ikhasi nekhasi lalokho umBhalo othi uJesu ubeyikho izolo na? Nonke niyakukholwa lokho, eBhayibhelini na? Manje, uma Ethanda, nathi . . . manje, ninga . . . hhayi nje mina, sonke ndawonye, sibambisana ndawonye noMoya oNgcwele, uzokwenza into efanayo, aphulukise abagulayo, futhi enze into efanayo Ayenza ngaleyonkathi, bangaki abazothi, "NgizoMthanda kakhulu, uma ngingumKristu, futhi uma ngingesuye, ngizoba ngumKristu. Futhi uma ngenze—uma ngenze okungalungile, ngizoMcela ukuba angithethelele. Uma ngigula, ngizokwemukela ukuphulukiswa kwami," bangaki abazokwenza na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngizokwenza."

132 Ngiyisihambi ngokuphelele kuwo wonke umuntu lapha, ngaphandle kukaDkt. Vayle lapha, nendodana yami ndawondawo, ingahle ingabibikho ngisho nalapha manje, indawondawo. Yilowo kuphela engimaziyo emhlanganweni. O, ngikholwa ukuthi lona ngumfana oqophayo lapha, a—angazi ukuthi ungubani ndodana, kodwa kade uhambisana emihlanganweni, ucula, noma okuthize, yilowomuntu kuphela engimaziyo. Bangaki owaziyo phandle lapho ukuthi ngiyisihambi kini na? Phakamisani izandla zenu. Angazi lutho ngawe na? UKristu uyakwazi.

133 Ngabe uBilly uwakhiphile amakhadi omkhuleko na? Uwakhiphile na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . lutho kodwa umBhalo. Yilokho kuphela. Kulungile. Bangaki oshodayo, Billy na? Bonke, wonke umuntu ulapho khona-ke. Awu, lokho kuhle khona-ke. Lokho kuhle. Sizoqala noma kanjani khona lapho. Kulungile. Manje ngifuna nibe nenhlonipho yokuzithoba ngempela.

134 Manje lesi yisikhathi lapho uNkulunkulu efanele aphendule eZwini laKhe, noma iZwi laKhe lingamanga, futhi ngifunyanwa ngingufakazi wamanga. Ngabe kunjalo na? Ngicaphune umBhalo, ngacaphuna isithembiso saKhe, nganitshela usuku esasiphila kulo, noma yini, ukuthi isithembiso saKhe sasiyini. Nakhu, konke kuhlezi lapha, nginikhombisa isithombe saKhe iFBI enaso silenga eWashington, DC,

njengesiDalwa esingaPhezu kwemvelo kuphela esake safakazelwa ngokwesayense ukuthi sathwetshulwa. Futhi Kwenzeka kwaba yini na? INkosi uJesu efanayo.

135 Akunandaba ukuthi lesosithombe besiyobukeka kanjani, uma singathelanga isithelo esifanayo, bekuyoba yiphutha, bekungaba nje noma yiluphi uhlobo lokukhanya, kodwa uma lokho kuKhanya kuveza isithelo seNkosi uJesu, khona-ke lowo nguYe, Ofanayo. Niyakubazi *ngani* na? [Ibandla lithi, "Isithelo."—Umhl.] Nakho lapho okhona. Uma lokhu . . .

136 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ungahle ube ngenye into ethize. Lokhu kungahle kube . . . kungahle kungabi njalo."

137 Kodwa uma Kuveza isithelo sikaMoya oNgcwele, Kuyokwenza ngayo impela nje indlela iNkosi uJesu eyenza ngayo. Ngabe kunjalo na? Uma kungakwenzi, khona-ke akusuYe. Yilokho kuphela. Angifuni kuzihlanganisa ngalutho nakho uma kungenjalo. Kufanele kube nguYe, kungenjalo angifuni . . . Ngifuna into efanele, anifuni na? Angifuni ukufundisa komuntu othize, ngifuna lokho uNkulunkulu akusho eBhayibhelini laKhe.

Manje asikhuleke.

138 Nkosi, leli yihora okufanele kwenzeke okuthile. Lesi yisikhathi sami sokuqala kulesi sifunda esithandekayo. Ngingamkhumbula kanjani umngane wami omdala, uBert Call. Ngingamkhumbula kanjani uGrampy Lowe nabo bonke enhla engxenyeni engasenyakatho yalesisifundazwe, ukuthi sasihlala kanjani phandle kulawomashede amadala futhi saxoxa, futhi phandle ezinhlangothini zezintaba, nezikhathi ezinkulu esibe nazo ndawonye.

139 Nkulunkulu, amanye alawomadoda angahle ukuba ahlezi lapha kulobubusuku, ngakho konke engikwaziyo. Lesi yisikhathi sabo sokuqala ukumela Wena kulesi sifunda esikhulu, khona lapha ekomkhulu labo. Nkulunkulu yiba nomusa. Sifihle, Nkosi, singamakholwa, siyaKuthanda. Sikholwa ukuthi sisekupheleni komgwaqo, Nkosi. Siyakholwa ukuthi Uyeza masinyane, futhi siyakholwa ukuthi manje Ulungiselela izinhliziyo zabantu baKho ukukwemukela.

140 O Nkosi, kwangathi thina kulobubusuku singenza njengalabo e-Emawuse, njengoba sengivele ngikhulumile, kwangathi singabuka futhi siMbone enza into ethize njengoba nje Enza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, khona-ke sizokwazi ukuthi Akekho ethuneni, amaJuda awazange aMntshontshe, akukho masosha, Uyaphila.

141 Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili isidlulile, futhi Wena usalokhu uphila nje manje, njengoba Wawunjalo ngaphambi kokusekelwa kwezwe kuze kubekwe, futhi kuzobanjalo lapho inyanga ingasekho, noma izinkanyezi, noma ilanga, Uyophila njalonjalo. Futhi ngoba Uyaphila, siyaphila, futhi, nokuPhila

kwaKho okuPhakade kusebenza kithi, kuveza isibonakaliso esifanayo Owasenza ngokweSithembiso saKho. Nkulunkulu, lababantu mabangakugeji lokho.

142 Baba, ngikunikela konke kuWe, ngizinikela kuWe, futhi makuthi leyoNgelosi kaNkulunkulu, Esithombe sayo sithathwe lapha, O Kristu, woza manje, ukuze abantu bazi ukuthi angizange ngephutha ngibatshele noma yini engalungile, ukuthi kuyiqiniso, futhi Wena qinisekisa iZwi laKho, ngoJesu Kristu. Amen.

143 Manje kinina, enisebenza lokhu lapha, kubhekisiseni nje, ngoba angazi ukuthi ngiba buthakathaka kanjani—kanjani, ukuthi iphimbo lami liba buthakathaka kanjani, anginalwazi, ngumbono.

Ngabe yilo inenekazi na?

144 Manje ningayaluzi, hlalani nithule ngempela. Wonke umuntu akabe semkhulekweni, ahloniphe ngokuzithoba ngempela.

145 Manje, nakhu kwenzeka ukuthi kulobubusuku, owesifazane, khona impela ebengikhuluma ngakho. UJohane oNgcwele 4, nasi isithombe sikaJohane oNgcwele 4, umdlalo wasesiteji nje. Nangu owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami. Ngiqagele siyizihambi (Siyizo na?), komunye nomunye na? Asazani. Kulungile. Lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuhlangana empilweni.

146 Manje, ukuba-ke. . .? Uma bekunjengoba nje kwakunjalo emuva lapho ezinsukwini ngenkathi iNkosi yethu yayilapha emzimbeni wenyama, manje, Ibiyokwenzani na? Ibingathi, "Nenekazi, uyagula, Ngizokuphulukisa"? Qhabo. Ayikwenzi ngaleyondlela, niyabo, Isivele ikwenzile. Niyabo? Ibiyolitshela ukuthi inkathazo ibikuphi, noma okuthize, njengoba nje Yenza kowesifazane emthonjeni. Ibingeke yini uma Isafana na? Manje, nonke nizokuvuma lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile.

147 Manje, ngingamazi owesifazane, akangazi, *nanti* iBhayibheli, nesandla sami sikuNkulunkulu, angikaze ngimbone empilweni yami, ngokwazi kwami, ngaphandle uma ngedlula esitaladini, noma ndawondawo, angimazi. Ufakazile ukuthi akangazi, nami angimazi. Kulungile.

148 Manje, bazo. . . Uma into ethize. . . Uma ngithe, "Nenekazi, uyagula, ngizobeka izandla zami phezu kwakho, uzosinda," manje, ubunga—ubungakukholwa lokho, lokho bekuyolunga, niyabo, lokho bekuyolunga, futhi, kodwa nokho, ubengaba nokungabaza. Kodwa uma uMoya oNgcwele, uKristu, uhlala efana, uzobuyela emuva empilweni yakhe futhi amtshele into ayaziyo ukuthi angazi lutho ngayo, khona-ke uma Azi ukuthi bekuyini, Impela uzokwazi ukuthi kuzoba yini. Ngabe kunjalo

na? Naso isimangaliso sakho. Manje, iNkosi mayibusiswe, futhi nje . . .

149 Wena uthi, "Wenzani, Mfowethu Branham na?"

150 Ngilindele ugcobo lwaYo, iNgelosi yeNkosi. Manje, khulekani kanye nami nje, buthule nangokuthula, ngisabona nje ukuthi Izothini. Ngifanele mhlawumbe ukuba ngikhulume nowesifazane, engowokuqala edolobheni lapha, futhi—futhi akumenzi . . . Lona ngowokuqala ukubhekana naye. Kodwa kwenzekile nje ukuthi ubunalelo—lelokhadi, futhi nakhu la ukhona. Nalabo phandle lapho abangenawo amakhadi, balindele ingxenye yabo nje.

151 Kodwa uNkulunkulu uyakwazi, angikwazi, Wakwazi selokhu wazalwa. Wonke umoya owuphefumulayo, Ukunike wona, konke ukudla okudlile, nezingubo onazo uziphiwe nguNkulunkulu. Uyakukholwa lokho, uyakholwa na? Uyakholwa. Khona-ke uma iNkosi uNkulunkulu ilunge kakhulu, futhi khona-ke izongazisa ukuthi iyini inkathazo yakho, njengoba usho, uma unesifo esithize, noma into ethize engalungile, uma Ezongitshela lokho, uzongikholwa-ke, ungeke na? Uyakholwa ukuthi kuvela kuYe, futhi Ukukhathalele na?

152 Niyabo, ngizama ukwakha ukukholwa kwakho kube sendaweni ukuthola ugcobo phezu kwakho, dade. Uyabo? Uyabo? Ngakho manje, uma nje uzo—uma nje uzo—nje ubheke ngapha manje, futhi nje ukholwe, qhubeka nje ucabanga ngenhliziyo yakho, uyabo, bhekisisa ngalendlela nje, Mdedele akhulume, niyabo, qhubeka nje ukholwa, ubone ukuthi Uthini.

153 Manje, kukhona othize ezethamelini onokukholwa okukhulu ukwedlula omi lapha, niyabo. Niyabo? Thula ngempela. Yebo, nakhu: Owesifazane akekho lapha ngesingaye, ulapha ngenxa yomunye umuntu, lowo ngumzukulu wakho, usezikoleni, futhi unesifo sokuqina kwemithambo okuninginingi, futhi ulapha ngomkhuleko walowomntwana. Lelo yiqiniso. Phakamisa isandla sakho uma lokho kuyiqiniso. E-hhe. Uyakholwa ukuthi uthola ukuphulukiswa kwakhe na? Kulungile, khona-ke hamba futhi ukuthole ngendlela nje ocele ngayo futhi kuzoba ngaleyondlela. Kulungile, mnumzane, khona-ke kuhle, uma ukukholwa, khona-ke hamba uthokoza, ubonga iNkosi, futhi ukuthole ngendlela nje okukholwe ngayo.

154 Niyabo? Yiba nokukholwa manje. Uyakholwa ukuthi lowo bekunguYe na? Niyabo, ngeke ngaphulukisa, anginamandla okuphulukisa, kodwa Angeke aphulukise manje, niyabo. Ngukukholwa kwakho emsebenzini waKhe osuqediwe. Niyabo? Emva kokuba Eseqedile umsebenzi, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili Usekhona lapha. Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela.

155 Angikholwa ukuthi ngiyakwazi futhi. INkosi iyasazi sobabili, Ayisazi na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokupha izinto ezi . . .?

156 Omunye ezethamelini . . . Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela. UmBhalo uthi, "Uma ukholwa, zonke izinto ziyenzeka." Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

157 NaKhu: Yinenekazi, lihlezi emuva ngqo phandle lapha, khona emva kwalowo mnumzane ohloniphekile osemncane lapho egqoke i—yembe elibukeka liyisikoshi, elimabalabala, inenekazi elihlezi emva kwakhe ngqo liphethwe isifo sokuvuvuka nokuba maholoholo komlenze elifuna uNkulunkulu aliphulukise kukho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, nenekazi, futhi akusindise na? Uhlezi emuva ngqo, ngqo emva kwensizwa lapho. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Libhekise ikhanda lalo phansi, likhuleka, inenekazi elithi ukuba qatha, ligqoke okufana nejakhethi encane. Uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaba nakho okucelile.

158 Kushiya owesifazane. Kuza komunye umuntu othembekile, inenekazi elihlezi lapha linemithambo eyimiqhansa, lihlezi lapha, lingibuka ngqo, lihlezi khona phansi lapha. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakuphulukisa, nenekazi na? Uyakholwa na? Kulungile, ungaba nakho ukuphulukiswa kwakho. UNkulunkulu akubusise. Awunalo ikhadi lomkhuleko; awulidingi, uyabo, ukukholwa kwakho kukwenzile. Nakho lapho okhona.

Uthinteni na?

159 Angikwazi, ngiyakwazi yini, nenekazi na? Angikaze ngikubone empilweni yami ngokwazi kwami. Uyisihambi nje esihlezi lapho. Akukho-khadi lomkhuleko, lutho, uyangena nje, uhlale phansi. Wenzeni na? U—uyazi ukuthi kukhona okwenzekile kuwe, awazi na? Uma lokho kunjalo, vayizelisa izandla zakho emuva naphambili *kanje*. Impela. Uyabo? Ukukholwa kwakho kukwenzile.

160 Wenzeni na? Uthinta mina na? Uthinte umPristi oMkhulu, uJesu Kristu, futhi Umnika isifiso senhliziyo yakhe.

161 Nanti inenekazi lihlezi khona emuva lapha elinento efanayo, lihlezi lifake uphini omncane, noma imbali encane kulo, kanjalo, imithambo eyimiqhansa. Kunjalo nenekazi, akunjalo na? Phakamisa isandla sakho, uma lokho kunjalo. Yilowo, yinenekazi, khona lapha nencane, imbali ephinki ebhantshini layo, inenekazi elikhulile elifake izibuko. Angikwazi, ngiyakwazi yini, nenekazi na? Uyakwemukela ukuphulukiswa kwakho, nawe na? UNkulunkulu akubusise-ke, hamba futhi ukwemukele.

162 Niyazi ukuthi kungani Kusukile kulona wesifazane lapha na? Niyazi ukuthi kungani Kusukile futhi kwaphumela lapho

na? Hhayi ngoba engenakho ukukholwa, unakho, akazi ukuthi ngikhuluma ngani, akasiqondi kahle isiNgisi, ungumFini. Uvela eFinland, eFinland. Kiitos. Inkathazo yenhliziyo. Konke sekuhambile manje, endleleni yakho...?...Kiitos, Jeesus. UNkulunkulu akubusise.

163 Ngikwaze kanjani lokho na? Uvela eduze kwaseLapland. "Uma ukholwa!" Uyakholwa na? Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu.

164 Siyizihambi komunye nomunye, mnumzane, ngiyethemba, kodwa iNkosi uNkulunkulu isazi sobabili. Lokhu bekuyoba, ngokwazi kwami, indoda yokuqala engene emgqeni. Kulungile. Ake sithathe lokhu njengesithombe seBhayibheli: Ngenkathi uFiliphu ehamba futhi wathola uNathanayeli, ebengikhuluma ngakho kulobubusuku, futhi waletha uNathanayeli, futhi wayemtshelile ngokwazi ukuthi uPetru wayengubani, kanjalonjalo, eza ngapha. Uyakholwa ukuthi uJesu ofanayo uyaphila kulobubusuku na? Niyakukholwa ezethamelini, ukuthi Uyaphila na? Uhlushwa yinkathazo yezinso, futhi nenkathazo yenhliziyo. Yiqiniso lelo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

165 Wena uthi, "Ungahle ukuba ukuqagelile lokho, Mfowethu Branham."

166 O, qhabo. Akusikho ukuqagela, mngane wami. Lapha, ake sikhulume nendoda isikhashana kade nje. Kuvela ndawondawo phandle lapho, angikwazanga ukubamba lapho bekukhona.

167 Angikwazi, ngiyakwazi, mnumzane na? Siyizihambi, kodwa engikushilo bekuyiqiniso. Khona-ke lelo bekungesilo iphimbo lami, bekuyiPhimbo loMuntu othize. Uyakholwa ukuthi bekuyiPhimbo likaKristu likhuluma njengoba Athi Uyokhuluma na? [Umfowethu uthi, "Ngiyazi bekuyilo."—Umhl.] Wena...Kunjalo, mnumzane. Kulungile. Uma ukholwa kanjalo, khona-ke uzobona izinto ezinkulu ngokwedlulele. Uyakukholwa lokho na? ["Ngiyakukholwa."] Kulungile, mnumzane. Khona-ke unonkosikazi lapha, futhi u—uphethwe yikhanda nenkathazo yokwethuka. Kunjalo, akunjalo na? Yebo, mnumzane. Futhi igama lakho nguMnu. Green, akunjalo na? Kulungile, hamba ngendlela yakho, uphulukisiwe. Uzobona izinto ezinkulu kunalokhu. UNkulunkulu akubusise, endleleni yakho.

168 "Uma ukholwa!" Uyakholwa na? Konke kuyenzeka. Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela nje.

169 Inenekazi elincane elihlezi emuva lapho, khona impela eduze kwabanumzane abahloniphekile abahlezi eduze ekugcineni emuva lapho, uphethwe yisifo samathambo, uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu izokusindisa, nenekazi na? Ohlezi khona emuva lapha, ohlezi khona lapha, olandelayo kuloluhlu oluphakathi nendawo, isigaba emuva ngqo. Awusho, uyakubona lokho kuKhanya ngaphezu kowesifazane na? Manje, uma nje ezokuzwa

futhi akwemukele! Nakho-ke. Ubhekise ikhanda lakhe phansi, uyakhuleka. Uzokukholwa, nenekazi na? Encane, egqoke ingubo ebukeka iphinki.

170 "Uma ukholwa, konke kuyenzeka kwabakholwayo." Kodwa niyabo, Kusukile kuye. Niyabo, ufanele uphendule, ufanele wenze njengoba utshelwa ngokushesha, qaphela, ubhekisisa. Umusa uyinto emangalisayo. Uyabo? Xwaya, ubhekisisa.

171 Akakaze azishiye izethameli okwamanje. Ungazicindezeli, khululeka nje, uthi, "Nkosi Jesu, ngiyaKukholwa." Ngani, ufanele ukholwe, awufanele na? Akukho okunye. Niyabo, a—angibaphulukisi abantu, angikwazi ukukwenza, angikaze ngisho ngithinte umuntu. Niyabo? Wena uyaMthinta. Bangaki okutholayo manje na? Bangaki okukholwayo ngayo yonke inhliziyo yakho na? Awu, lokho bekufanele kukuxazulule khona-ke. Asifanele siqhubekele phambili. Sesikutholile-ke.

172 Inenekazi lapho elinenkathazo yezinso, kulungile, uma ukukholwa, nenekazi, ungaba nakho ukuphulukiswa kwakho, nawe.

"Uma ukholwa!"

173 Nomnumzane ohloniphekile, futhi, ehlezi ekugcineni, ungakholwa, konke kuyenzeka kuwe, mfowethu.

174 Angikwazi. UNkulunkulu uyakwazi, Akakwazi na? Uphethwe yinkathazo yenhliziyo. Kungukuthi, ukhathazwa yinhliziyo yakho. Ngibona kukhona okwenzekile kuwe. Wonke kade ukhathazwa yi . . . Uhlobo oluthile lwengozi, njengengozi yemoto, obukade ukuyo, okubangele lokho, kunjalo, futhi kunjalo impela. Hamba ngendlela yakho, inkathazo yakho yenhliziyo isiphelile, uJesu Kristu uyakusindisa.

175 Woza, nenekazi. Ngibamba umoya uvela lapho, ucabanga ukuthi ngifunda umqondo wabo. Thinta isandla sami, nenekazi. Uma ngizokutshela ngoMoya kaNkulunkulu, uma Ezokwembula kimi ukuthi yini engalungile kuwe, nami ngibuka *ngapha*, uzokwazi yini . . . uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha, ungeke na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Kulungile, mnumzane, khona-ke isifo sikashukela ngeke sisakuhlupha, ungahamba usinde. UNkulunkulu akubusise. Niyabo?

Yiba nokukholwa.

176 Woza, nenekazi. Thinta isandla sami. Uma uNkulunkulu ezokuphulukisa kuleyonkathazo yesisu, uzojabula na? Phakamisa isandla sakho, uma uzokwenza. Hamba uyodla ukudla kwakho kwakusihlwa. Kulungile.

177 Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu, ungangabazi nhlobo.

178 Woza lapha, nenekazi. Uma uNkulunkulu ezokuphulukisa kuleyonkathazo yenhliziyo, uzojabula ngakho na? Uma uzokwenza, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyabonga, Nkosi." Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, jabula manje.

179 Lesosifo samathambo siba buhlungu kakhulu ngezinye izikhathi, asinjalo na? Ikakhulukazi lapho uzama ukuvuka ekuseni, uphumela ezinhlangothini zombhede. Awu, qhubeka futhi ukholwe, ku—angeke ku—angeke kuphinde kwenzeke uma uzokukholwa.

180 Isifuba somoya siyinto embi kabi, sikubangela ukukhwehlela, nakho konke. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa kukho na? Qhubeka nje uhamba, uthi, "Ngiyabonga, Nkulunkulu othandekayo." Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. [Udade uthi, "Uthini ngentamo yami, mnumzane?—Umhl.] Yebo. Hamba ukukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Ungangabazi.

181 Iqolo lakho liyakukhathaza, ngakho qhubeka nje futhi ukholwe uNkulunkulu futhi kuzo . . .

182 Niyakholwa, nonke na? Bangaki okholwayo ngenhliziyo yakho yonke na? Ngabe iBhayibheli lithi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo"? Ngabe Wasigcina isithembiso saKhe na? Ngabe Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Uma ukukholwa, phakamisa isandla sakho.

183 Awu uJesu, amaZwi okugcina Awasho, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Bangaki owaziyo ukuthi iBhayibheli liyakusho lokho na? Khona-ke bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Ngamunye wenu manje, bekani izandla zenu nje phezu komunye nomunye. O, he! Ulapha, Akafile.

184 Uyakholwa, dadewethu na? Izinkathazo zakho, yeka ukukhwehlela, nayo yonke into, uzoba kahle na? Hamba ngendlela yakho futhi uphulukiswe, eGameni leNkosi uJesu.

"Uma ukholwa!"

185 Nina nobabili, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, khona lapho, khona lapho njengoba ninjalo. Manje, silungiselela umdlalo wasesiteji. Omunye babeke izandla zabo komunye oseduze kwakho manje, omunye oseduze kwakho, beka izandla zakho phezu kwabo. Uma uNkulunkulu egcina lesisithembiso, Ugcina . . . Kuyini na? Kuyisibonakaliso sokuthi Ulapha. Lokho . . . Ngabe Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Thanini, "Amen," uma lokho ku . . . Manje-ke uma Egcina leloZwi, Ugcina konke okweZwi laKhe. Khona-ke Wathi . . . Uma uphakamise isandla sakho, wathi beningamakholwa, Wayesethi-ke, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

186 Manje, ngamunye wenu, ngendlela engeyenu enikhuleka ngayo ebandleni lenu, khulekela umuntu obeke izandla zakho phezu kwakhe, futhi wena . . . nabo bazokukhulekela, ngamunye. Ngizokhulekela abenu, nonke, futhi nizobona ukuphulukiswa kwenzeka lapha, akuyikubakho-muntu obuthakathaka

phakathi kwenu uma nizokholwa ukuthi uJesu Kristu ulapha khona manje. Akuyikubakho noyedwa umuntu ogulayo osele kulesisakhiwo, noma umuntu oyedwa obuthakathaka uma uzokholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. NaloMoya ophakathi kwethu manje nguYe, uqinisekisa ukuthi Ulapha. Niyakukholwa manje na?

Asikhothamise amakhanda ethu.

187 Nkulunkulu uSomandla noPhakade, Esimthandayo nesimkholwayo, futhi sihlonipha iNdodana uJesu, uSathane ubophe lababantu ngokugula, ukwesaba, ukungabaza, izifo. Nkosi Nkulunkulu, sekusondele esikhathini sokuphela, Ungahle ufike ngaphambi kokusa. Futhi sijabula kakhulu ukwazi ukuthi sihlanganyele eBukhoneni beNkosi uJesu ovukileyo, Okhona lapha manje, ezifakazela Yena uqobo onguye izolo, namuhla, naphakade.

188 Nkosi Nkulunkulu, nika lababantu ukukholwa ukuba bakholwe, ngamunye wabo evuma ukukholwa, futhi bebeka izandla zabo phezu komakhelwane othize oseduze kwabo, manje abamkhulekelayo, futhi ngiyaKucela, Nkulunkulu, ukuba unikeze ukukholwa okungeke kuthathe *uqhabo* njengempendulo. Siphe khona, Nkosi. Manje ngisize ukuba ngibe nokukholwa njengoba ngiqhubekela phambili ekukholweni ukuyala lesi sitha.

189 Sathane, isitha, sokuhlupheka nokugula, awunamalungelo angokomthetho ukubamba noma yimuphi walababantu, uJesu Kristu wafela ngamunye wabo, ukuze baphulukiswe. Umhlane wakhe wawushaywe waqubuka nemivimbo, e. . . futhi Walenga eKalvari, wafa, futhi wabuye wavuka ukuba eze ngesimo sikaMoya oNgcwele ukuqinisekisa kubantu baKhe ukuze babe nokukholwa kuYe. Futhi lonke ilungelo owawunalo phezu kwesono, laphucwa kuwe ngalesosikhathi, awunalungelo elingokomthetho, ngakho-ke ungumkhohlisi nje, futhi siyakusho lokho kulobubusuku.

190 Ngobufakazi bukaMoya oNgcwele okhona manje, uJesu Kristu ovukileyo, uMoya Owaba nesithombe saKhe esithathwe lapha kanye nathi, Osebenza nathi manje, nakithi: Wena kugula, nezifo okusemzimbeni walababantu, ngiyakuyala, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, phuma kubantu, futhi ubayeke bahambe, eGameni leNkosi uJesu Kristu!

191 Niyakholwa ukuthi niphulukisiwe na? Uma nikholwa, yimani ngezinyawo zenu ngokukhulu ukushesha, futhi ninike uNkulunkulu udumo, ngamunye wenu, yimani ngezinyawo zenu, futhi nibonge iNkosi uNkulunkulu ngokuphulukiswa kwenu. Lokho kuhle. Lokho kuhle. Kuhle. Kuyamangalisa! Nakho ukuphulukiswa kwa—kwabagulayo nabahluphekile. Asiphakamise izandla zethu, manje, futhi nje

sithi, “Ngiyabonga, Nkosi.” Futhi asicule leliculo elimnandi elidala, nezandla zethu ziphakeme emoyeni:

NgizoMdumisa, ngizoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni.

Siphe indlela, uma uthanda, mfowethu. Kulungile, mfowethu.

NgizoMdumisa, ngizoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligeze onk’amabala.

Ngi . . .

Kuthiwani ngakho lapho, mfowethu na? Yenyuka usuka lapho futhi uMkholwe.

. . . zoMdumisa, ngizoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngezoni . . .

192 Kunjalo. Indoda iyasukuma iphuma esihlalweni esinamasondo, inika uNkulunkulu udumo. Kukholwe, mfowethu, isikhathi sakho silapha. Manje uyazi ukuthi ukutholile, awazi na? Phakamisa izandla zakho kuye. Nakho-ke. Indoda ihlezi iboshelwe esihlalweni esinamasondo, iphakamile yaphuma ngqo esihlalweni esinamasondo, khona manje.

. . . wageza onk’amabala.

193 Phakamisani izandla zenu manje futhi niMdumise ngendlela yenu uqobo.

194 Ngiyabonga, Nkosi. Dumisani iNkosi, ngobubele baYo nesihawu saYo!

195 Iphakathi kwenu bantu, InguMsindisi wenu, InguMphulukisi wenu. Wonke umuntu usephulukisiwe manje, eGameni likaJesu Kristu, kubize futhi udumise uNkulunkulu. Amen.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org